IBhayibheli LaBantwana
Likulethela

USamuweli, Inceku-Mfana kaNkulunkulu

Ibhalwe ngu: Edward Hughes

Kwabonakala ngu: Janie Forest; Alastair P.

Ifanekiswe ngu: Lyn Doerksen

Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala

Ikhiqizwe ngu: Bible for Children

www.M1914.org

©2022 Bible for Children, Inc.
iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.

UHana wayengowesifazane olungile, eshade no-Elikhana indoda elungile. Bobabili babekhuleka kuNkukunkulu bebonisa umusa nakwabanye. Kodwa khona okwakushoda empilweni kaHana. Wayefuna ukuba nengane. O, wayeyifuna kanjani ingane! Walinda wakhuleka wathemba walinda futhi. Ayifikanga ingane!



Minyaka yonke, uHana wayeya kokhuleka eterbenekele likaNkulunkulu. Ngomunye unyaka wathembisa uNkulunkulu ukuthi uma engamvumela uba abe nendodana, wayeyomnika umfana ukuba abe yinceku kaNkulunkulu kuze kube phakade.

UmPristi omdala
u-Eli wabona
uHana ethandaza.
Wayecabanga ukuthi
uHana udakiwe
yiwayini ngoba
izindebe zakhe
zazinyakaza
kodwa
kungaphumi
umsindo. U-Eli
wamthethisa
uHana!

Kodwa uHana watshela u-Eli ngomthandazo wakhe womntwana nesethembiso sakhe kuNkulunkulu. “Hamba ngokuthula” kusho u-Eli. “Futhi uNkulunkulu ka-Israyeli makakunike lokho okucelile kuye”. Amazwi ka-Eli anikeza uHana ithemba.

Ngokushesha injabulo enkulu yagcwala inhliziyo kaHana. "UJehova wamkhumbula" futhi waphendula umthandazo wakhe. Yena no-Elkana Babanomfanyana okwakuthiwa nguSamuweli (Okusho ukuthi "Ozwiwe uNkulunkulu"). Kodwa ngabe uHana wayezomkhumbula uJehova nesivumelwane asenza kuye?





UHana wayeka ukuya etabernakele nyaka ngamunye. Hawu, bantu! Ingabe weyesephulile isithembiso sakhe kuNkulunkulu? Cha uHana wayelinde kwaze kwaba ilapho uSamuweli wayesemdala ngokwanele ukuba ahlale etabernakele futhi asize u-Eli enkonzweni kaNkulunkulu. Khona-ke wamyisa eterbanekele.

UNkulunkulu wakwazisa ukuthembeka okukhulu kukaHana. Ngemva kaSamuweli uNkulunkulu wamnika amadodana amathathu namadodakazi amabili. Minyaka yonke, uHana wayeya etabernakele ekhulekele uNkulunkulu – futhi alethe ingubo entsha ayithungele uSamuweli.

USamuweli kwangungesiyena yedwa umsizi ka-Eli. Amadodana ka-Eli, oHofini noFinehasi, babe sebenza khona. Kodwa bahazisa uNkulunkulu ngokwenza izinto ezimbi, futhi abakaze beguquke ngisho noma uyise u-Eli ebancenga. U-Eli kwakufanele abaxoshe etabernakele Kodwa akazange.

Ngobunye ubusuku, uSamuweli wezwa izwi limbiza. Umfana wacabanga ukuthi u-Eli owayembiza. "Ngilapha" esho. "Angikubizanga" kuphendula u-Eli. Lokhu kwenzeka izikhathi ezintathu. Khona-ke u-Eli wazi ukuthi uNkulunkulu wayesefuna ukukhuluma noSamuweli.

U-Eli watshela uSamuweli, “Uma ekubiza, Kumele uthi, ‘Khuluma Jehova, ngoba inceku yakho ilalele.’” Futhi uNkulunkulu wambiza uSamuweli futhi, wanika uSamuweli umyalezo obaluleke kakhulu.

Ekuseni u-Eli wabiza uSamuweli. "Lithini izwi lika Jehova alisho kuwe na?" embuza. USamuweli osemncane wamutshela konke. Kwakungumyalezo omubi - uNkulunkulu wayezobhubhisa umndeni ka-Eli ngoba uHofina noFinihasi babekhohlakele kakhulu.

Isexhwayiso sikaNkulunkulu sagcwaliseka. Phakathi nempi namaFilisti, amadodana ka-Eli amabili amabi ahola umphongolo kaNkulunkulu phambi kwebutho lama-Israyeli. Isitha sawuthatha umphongolo sabulala uHofini noFinehasi kanye namaningi ama-Israyeli. Lapho u-Eli ekuzwa lokho, wawa esihlalweni, waphuka intamo, futhi wafa ngaleso sikhathi.

Umphongolo kaNkulunkulu waletha izinkathazo kuMafilisti. Bawubeka ethempelini likaDagoni, uNkulunkulu wabo wamanga. Ekuseni, isithixo uDagoni sasiwe ngobuso. Amafilisti amphakamisa uDagoni - kodwa ekuseni obulandelayo wayesephansi futhi. Kulokhu uDagoni waphuka waba izicucu.





Ukugula nokufa kwasakazeka phakathi kwamaFilisti. Ukuze abone ukuthi uNkulunkulu uyawajezisa, athi amaFilisti izinkomo ezimbili azidonse inqola kanye nomuphongolo. Kodwa bagcine amathole ezinkomo. "Uma izinkomo zikhuphukela kwa-Israyeli zishiya amathole, sizokwazi uNkulunkulu ukwenzile," besho. Zakhuphuka izinkomo!

Khona-ke uSamuweli, owayesekhulile manje, wakhuluma kubo bonke abantu bakwa-Israyeli. “Uma ubuyela kuJehova ngayo yonke inhliziyo yakho ... uyakukhulula esandleni samaFilisti.” Abantu bamulalela umprofethi kaNkulunkulu othembekile. Isandla sikaNkulunkula saba phezu kwamaFilisti ngazo zonke izinsuku zika Samuweli.

USamuweli, Inceku-Mfana kaNkulunkulu

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu,
iBhayibheli,

Itholakala

1 Samuweli 1-7

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa."
AmaHubo 119:130

Yaphela

Lendaba yeBhayibheli isitshela ngoNkulunkulu wethu uyisimanga owasidala futhi ofuna ukuthi wena wazane Naye.

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa, ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. UJesu wase evuka ekufeni wanyukela ezulwini ekhaya lakhe! Uma ukholwelwa kuJesu futhi uma Umcela ukuthi akuthethelele izono zakho, Uzokwenza lokho! Uzoza ezophile ngaphakathi kwakho manje, futhi uzophila Naye kuze kube ingunaphakade.

Uma ukholwa ukuthi iqiniso leli, ithi kuNkulunkulu:
Nkosi Jesu, Ngiyakholwa ukuthi wena unguNkulunkulu, futhi wehla ezulwini waba inyama ukuze ufele izono zami, wavuka ekufeni usuyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni yami ungithethelele izono zami, ukuze ngizokwazi ukuba nempilo entsha, ukuze ngiyokwazi ukuba Nawe kuze kube phakade. Ngisize ukuba ngilalele Wena futhi ngiphilele Wena njengomntwana Wakho. Ameni.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu nsuku zonke! Johane 3:16